

Izintshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

06/2016 Intshumayelo ngesonto 1 emva komkhosi wokukhumbula ukuzalwa weNkosi, ngomhla ka 27. 12. 2015

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele

Izwi elongamela leliviki lilotshiwe ku-Joh. 1:14a, lithi: **“ULizwi waba yinyama, wakha phakathi kwethu.”**

1. Iculo 43/44
2. **Umkhuleko:** Nkosi, singwelise ngeqiniso lakho; iZwi lakho liyiqiniso. Amen
3. IZwi leTestamente elidala lilotshiwe ku-Isaya 49:13-16;
Iphistola ngohlelo lwesine lilotshiwe ku-1 Johane 2:21-25;
IVangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe ku-Luka 2:22-40.
4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...
5. Iculo: 44/45
6. Umkhuleko wofundayo intshumayelo
7. **Iphistola** ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-1 Johane 1:1-4, lithi: Lokho okwakukhona kwasekuqaleni, esakuzwa, sakubona ngamehlo ethu, sakubheka, nezandla zethu zakuphatha, okweZwi lokuphila - lokho kuphila kwabonakaliswa, sakubona, siyaqinisa sinishumayeza lokho kuphila okuphakade okwakukhona kuYise, kwabonakaliswa kithina - lokho esikubonileyo, sakuzwa, sinishumayeza khona nani, ukuze nani nibe-nenhlanyelo nathi. Kepha thina sinenhlanyelo noYise naneNdodana yakhe uJesu Kristu. Sesiyanilobela lokhu, ukuze intokozo yenu iphelele. Amen.
8. **Intshumayelo:** Bandla leNkosi, umphostoli uJohane - kulusuku lwakhe namuhla - uyaqala iVangeli lakhe nakanjalo ngokuthi: "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. Yena lowo wayekhona ekuqaleni kuNkulunkulu. Konke kwavela ngaye; ngaphandle kwakhe akuvelanga lutho kukho konke okuvelileyo. Ukuphila kwakukuye, ukuphila kwakungukukhanya kwabantu; ukukhanya kukhanya ebumnyameni..." (Joh.1:1-5).

Wenzelani lokhu na? Impendulo ithi: "Sesiyanilobela lokhu, ukuze intokozo yenu iphelele." Yebo, ngentokozo engakhulume kiyo uJohane uyasishumayeza thina-bantu banamuhla ukuba sishumayeze nabanye: "Lokho okwakukhona kwasekuqaleni, esakuzwa, sakubona ngamehlo ethu, sakubheka, nezandla zethu zakuphatha, okweZwi lokuphila - lokho kuphila kwabonakaliswa." Kuphi nakanjani? EBetlehema kulobubusuku obungcwele, lapho "ingelosi yeNkosi yema phambi kwabelusi, inkazimulo yeNkosi yabakhanyisa nxazonke; besaba ngokwesaba okukhulu. Ingelosi yathi kubo: Ningesabi; ngokuba bhekani, nginibikela izindaba ezinhle

zokuthokoza okukhulu okuzakuba kubantu bonke, ukuthi nizalelwe namuhla uMsindisi onguKristu iNkosi emzini kaDavide," (Luka 2)

Kusukela kulesosikhathi lentokozo isezweni. Lentokozo yathinta nenhliziyo yami. Yebo, isagcwalisa izinhliziyi ezingenakubalwa emhlabeni kuze kube namuhla. Iyasiphakamisa, iyasiduduzisa, iyasakha. Lentokozo iyavula umlomo naphakathi kwethu ukuba sisukume sishumayeze iVangeli likaJesu Kristu. Uthi: "Mina ngingukuvuka nokuphila; okholwa yimi, noma efa, wophila. Nalowo ophila, akholwe yimi, kasoze afa naphakade," (Joh. 11:25-26). Ngani nakanjani na? Ngoba wasifela thina-zoni ezimpofu esiphambanweni saseGolgotha. Wavuka kwabafuleyo ngosuku lwesithathu. Wasinqobela ukufa, ukuze siphile njengaye, ukuze siphile kanye naye enkazimulweni yakhe yezulu kanye nabangcwele bonke.

Alikho ithemba elinye elinjalo emhlabeni, ayikho induduzo nentokozo enye enjalo lapha phansi.

UJohane uyaqinisa lokhu uthi: "Sakubona ngamehlo ethu, sakubheka, nezandla zethu zakuphatha, okweZwi lokuphila - lokhokuphila kwabonakaliswa, sakubona, siyaqinisa sinishumayeza lokhokuphila okuphakade okwakukhona kuYise, kwabonakaliswa kithina - lokho esikubonileyo, sakuzwa, sinishumayeza khona nani, ukuze nani nibe-nenhlanganyelo nathi." Kuze kube sekupheleni kwezwe leliVangeli lizoshunyayelwa, ukuze sibe "nenhlanganyelo noYise naneNdodana yakhe uJesu Kristu."

Yebo, makabongwe uNkulunkulu osiphile iNdodana yakhe, enguliZwi lokuphila. UliZwi uyadala ukuphila. Uyisisusa sokuphila. Usiphile ukuphila kwethu nethemba elihle lokuphila okuphakade. Ukuphila kuyaphila lapha emhlabeni nalé kwelizayo. Kwabakhona njalo phambi kokuqala kwezinto zonke, phambi kokudalwa kwezulu nomhlaba; kuzoba khona njalo kuze kube nini nini, phakade naphakade. Uma ukholwa nguJesu noma ufa uyakuphila. Uyakholelwa yilokhu na?

Emuva kokuvuka kwakhe waziveza kubafundi bakhe kuzo izinsuku ezingamashumi amane; "...lokho esikubonileyo, sakuzwa, sinishumayeza khona nani, ukuze nani nibe-nenhlanganyelo nathi. Kepha thina sinenhlanganyelo noYise naneNdodana yakhe uJesu Kristu. Sesiyanilobela lokhu, ukuze intokozo yenu iphelele." Ngamandla kaMoya oNgcwele iVangeli liyasihlanganisa lapha emhlabeni nabantu abanye abakholwayo abasendleleni njengathi yokuya ezulwini. Ngamandla kaMoya oNgcwele iVangeli liyasihlanganisa lé kwelizayo ezulwini noNkulunkulu uYise noMsindisi wethu othandekayo uJesu Kristu. Lokhu kungumgomo wethu omuhle. Ukuba singaduki endleleni singalambi singadinwa usiphile umphako. Ukuba singalahlekelwa amandla nethemba nentokozo endleleni usiphile iVangeli neSakramente lesiDlo seNkosi. Ukuba siqiniswe, isibindi sethu nokukholwa kwethu kabusha njalo njalo, siyadla siyaphuza impilo eyiyo esiDlweni esingcwele kanye neBandla lonke likaKristu ophilayo.

Yebo, singavuma noJohane, sithi: "ULizwi waba yinyama, wakha phakathi kwethu, sabona inkazimulo yakhe, inkazimulo njengeyozelwe yedwa kuYise, egcwele umusa neqiniso. UJohane wafakaza ngaye, wamemeza wathi: Nguyen lo ebengisho ngaye ukuthi: Lowo ozayo emva kwami uvelile ngaphambi kwami, ngokuba wayekhona kuqala kunami.

Ngokuba ekugcwaleni kwakhe samukele sonke umusa phezu komusa," (Joh.1). Bhekani loluthando! Yebo, siyavuma ngokuthokoza nangokubonga. Lokhu kokubili kuyavula umlomo wethu ngezilimi ezingenakubalwa lapha emhlabeni wonke ukushumayeza iZwi lokuphila kuze kube namuhla: uNkulunkulu uqobo ovela kuNkulunkulu uqobo waba ngumuntu.

Kabili siyafunda ephistoleni lethu ngokuthi: "...sinishumayeza lokhokuphila okuphakade okwakukhona kuYise, kwabonakaliswa kithina - lokho esikubonileyo, sakuzwa, sinishumayeza khona nani." Usholoni lokhu umphostoli? Ufuna ukusikhombisa isibusiso esingenakushiwo lulimi nengcebo enkulu yomusa kaBaba wethu osezulwini. UNkulunkulu akanakuqala, akanakugcina, nokho uyamisa ukuqala okusha. Ubuphakade buyangena esikhathini, buyasiphelekezela zonke izinsuku zokuphila kwethu. Bhekani lomusa odlula ukuqonda konke! Kuyisambulo, kuyisibonakaliso, kuyimfihlakalo futhi.

Ubunye phakathi kuNkulunkulu uYise neNdodana noMoya oNgcwele buyisimangaliso nemfihlakalo. Ubunye phakathi kwabakholwayo lapha emhlabeni buyisipho sakhe nesibonelo esihle salokhu okuvelayo. Ubunye phakathi kwethu neBandla labangcwele ezulwini bukhona namanje, buyisizungu sethu futhi, mhla sibizwa ukuya khona ngosuku lokuvalalisa kwethu lapha emhlabeni. Ubunye phakathi kwethu noNkulunkulu uMthathwemunye bukhona namanje, bulithemba lethu eliphilayo futhi, mhla sifinyelela ekhaya lethu, sibonane ubuso nobuso noMsindisi wethu othandekayo uJesu Kristu.

UJohane uthi encwadini yokugcina yeBhayibheli IsAmb. 1:8 + 22:20-21: "Mina ngingu-Alfa no-Omega, kusho iNkosi uNkulunkulu, okhona nowayekhona nozayo, uMnini mandla onke." Ofakazayo nguNkulunkulu uMthathwemunye uqobo lwakhe! "Ofakaza ngalezi zinto uthi: Yebo, ngiyeza masinyane. Amen. Woza, Nkosi Jesu! Umusa weNkosi yethu uJesu Kristu mawube nani nonke." Amen.

9. Umkhuleko: Nkulunkulu, Simakade, Mnini mandla onke, sidumisa wena, Baba osezulwini. Usiphile uMsindisi wethu ukuba sibe nokuphila okuyikho ngaye. Siyabonga umusa, ubumnene nobubele bakho. Ugcwalise izinhliziyi zethu nemiphefumulo yethu ngentokozo yakho ukuba sifakaze iqiniso lakho elingcwele ngomlomo nangezenzo. Usilondoloze endleleni ukuba sifike, sibone ukuphila okuphakade enkazimulweni yakho, ngayo iNdodana yakho, uJesu, okhona obusa nawe noMoya oNgcwele. Amen.

10. Iculo 45/46

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloza izinhlizi zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu iNkosi noMsindisi wethu, Amen

Lentshumayelo ilotshiwe ngomnyaka ka-2015 ngu-K. G. Tiedemann
Ukucindezelwa nokuthunywa kwalezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation